



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3438254 or 0832340475

Fax: 033-343 8255I not
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

**Inkulumo kaNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa
kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uMnuz
Cyril Xaba, azoyethula emcimbini wombukiso wezimbuzi nokupheka
ozoba sezinkundleni zeMidlalo eMphelandaba eMsinga ngoMgqibelo
mhlaka 30 Januwari**

Isilo samaBandla

UMhlonishwa uNdunankulu wesiFundazwe, uMnuz Senzo Mchunu

USihlalo weNdlu yabaHoli beNdabuko, Inkosi Phathisizwe Chiliza

USihlalo weKomidi lezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya,
eSishayamthetho sesiFundazwe, uMnuz Themba Mthembu

Amalungu eNdlu yobuHoli boMdabu

USomlomo woMkhandlu wesiFunda soMzinyathi

Ikhansela uMnuz B. Chambule

UMhlonishwa iMeya yaseMsinga uMnuz Jabulani Sikhakhane

IziMeya, AmaPhini eziMeya, oSomlomo namakhansela abakhona lapha

UMnuz Nhlanhla Mndaweni, woMnyango wokuThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya nokuBuyiswa kweMihlaba

Ubuholi be-Agri-Business Development Agency (ADA)

Ngibingelele futhi kwesibambisene nabo ukuhlela lo mcimbi okungabakwa-
Heifer International South Africa, uMdukatshani Rural Development Trust,
abakwa-AAM noNkosazana Bawelile Myeza Mngoma wakwaWelile Holdings

Abanikazi bezitolo zokudla, abaPheki namaJaji

Amalungu eziNhlangano zabaFuyi

Iziphathimandla zoMnyango nabasebenzi bawo

Abafuyi beziMbuzi nezinhlangano zemifelandawonye

Abamele amaziko eziNdaba abakhona lapha

Ochwepheshe basitshela ukuthi iNingizimu Afrika ihlaselwe yisomiso esingakaze sibonwe eminyakeni eyikhulu edlule. Bayasho futhi ukuthi njengoba kubhoke ukuguquguquka kwesimo sezulu mancane amathuba okuthi isimo sibe ngcono.

Kumele sizejwayeze ukuphila ngaphansi kwesimo sezulu esiguquke kakhulu kunalokhu ebesikwejwayele. Kumanje sigqolozelwe yisimo esibucayi kakhulu esidalwa yilesi somiso – amanzi aphelile, izinkomo ziyafa nokudla ezitolo kumba eqolo.

Iziko lengqubomgomo ephathelene nokudla nezolimo (i-Bureau for Food and Agricultural Policy) lithi ubhasikidi ogcwele ukudla esitolo intengo yawo isinyuke ngamaphesenti angu-35 esikhathini esingangonyaka esedlule.

Isigaxa seklabishi ebesibiza u-R4 ezinyangeni ezimbalwa ezedlule manje sesenyuke safinyelela ku-R15. Izwe libhekene nengwadla yokuthenga amathani amane kuya kwayisithupha empuphu emazweni angaphandle ngesamba semali elinganiselwa ku-R20 billion.

Konke lokhu kwenyusa intengo yenyama ebomvu. Njengoba izinkomo zifa futhi abalimi bedayisa imihlambi yabo kuyacaca ukuthi isazolukhu yenyukile intengo yenyama ebomvu okuzosho ukuthi ngeke inyama isathengwa yinoma ngubani ngenxa yokumba eqolo.

Ngamafuthi nje – izwe libhekene nengcuphe yokuntuleka kokudla.

Umyalezo ocacile ovezwa yisimo esibhekene naso ngowokuthi ngeke sisakwazi ukulima ngendlela esithanda ngayo, noma ukuqhubeka sigxile emikhiqizweni esiyijwayele yenyama nokukhiqiza okusanhlamvu okubalwa kukho ummbila nobhontshisi. Kumele sivumelane nesimo bese siqhamuka nezinye izindlela zokugwema ukwentuleka kokudla ngomuso.

Ongoti-ke baseluleka ngokuthi kumele manje sisebenzise izindlela zolimo ezikhaliphile ezivumelana nesimo sezulu. Yingakho silapha namuhla.

Sizonivezela izindlela ezikhaliphile zokufuywa kwezimbuzi nokuba sinenekele uhlelo loMnyango lweminyaka emihlanu oluzokwenza sibeke umkhakha wezimbuzi ebalazweni.

Izimbuzi ziyakwazi ukumelana nesomiso futhi azihluphi kakhulu ngokufuna ukufidwa njengezinkomo. Ziyakwazi ukunombela ezihlahleni zicoshacoshe amahlamvu uma utshani bungekho. Ukufuya izimbuzi kungenye yezindlela ezikhaliphile yokuzibandakanya nezemfuyo kulesi sikhathi esibucayi.

Ngakho-ke uhlelo lwethu luqala khona lapha eMsinga. Kuzoba khona ezinye izinhlelo ezithi azifane nalolu kwezinye izindawo ezinjengaseNkandla, KwaNongoma, eJozini, KwaMhlabuyalingana naKwaHlabisa. Lezi yizindawo ezikhahlanyezwe kakhulu yisomiso. Abalimi bezimbuzi abanengi bazinze kuzo lezi zindawo esengizibalile. Uhlelo lwethu lumayelana nokusimamisa abafuyi kwezomnotho ngokubanxenxa ukuba basungule amabhizinisi okuhweba ngezimbuzi.

Ngaphezu kwalokho, lolu hlelo lubandakanya ukuba kugqugquzelwe ukudliwa kwenyama yembuzi futhi itholakale emashalofini asezitolo ukuze ukudayiswa kwayo kube seqophelweni elifana nenye inyama eyejwayelekile etholakala emabhusa.

Inyama yembuzi iyadliwa kakhulu emazweni amaningi angaphandle. Ngingabala amazwe aseMiddle East, iBangladesh, ePakistan, eNdiya nase-Caribbean. Izwe lase-Saudi Arabia, okuyilona elidume kakhulu ngokusebenzisa inyama yembuzi, selinxuse isiFundazwe saKwaZulu-Natali ukuba silithumelele izimbuzi eziyisigidi ngonyaka.

Imali engenziwa ngokudayisela leliya zwe izimbuzi ingaba ngaphezulu kuka-R2 billion ngalo nje lilodwa. Ukudliwa kwenyama yembuzi kubonakala kudlondlobala kakhulu nasemazweni ase-Europe, ikakhulukazi kubantu abanakekela izidingo zabo ezingokwempilo. Le nyama ayinawo amafutha amaningi kanti injalo-nje inezakha-mzimba ezidingekayo kumuntu owunakekelayo umzimba.

Abanye bayibheke njengengcono kakhulu kunenyama yenkomo noma yengulube. ENingizimu Afrika inyama imbuzi ithandwa kakhulu kuzokwenziwa imisebenzi yesintu. Kodwa njengoba sesiqhamuke nalo mncintiswano wokuyipheka nje kungonakele lutho, sikholwa ukuthi nayo isizoba ngezinye zezitshulu eziconsisa amathe ezitholakala emakhishini amaningi ezweni lakithi.

Kulesi sikhathi esibucayi kakhulu sokuguquguquka kwesimo sezulu, sikudinga ukuqhamuka nezindlela ezintsha zokudla.

Uzoqaphela ematafuleni lapho kukhangiswa khona ngemikhiqizo ukuthi kubekwe nobisi lwembuzi noshizi, amasoseshi enziwe ngenyama yembuzi, amaRussians nenyama yokwenza i-burger kanye neminye imikhiqizo yesikhumba sembuzi.

Uhlelo lweminyaka emihlanu engikhulume ngalo lufuna ukuxazulula isimo lapho kutholakala imbuzi ibilokhu inganakiwe yonke le minyaka embonini

yezemfuyo. Akekho obenendaba nempilo yembuzi nokubheka izinga lokudla ekudlayo nokuphathwa nje kwayo.

Kunemali esibekwe eceleni ezobhekela ucwaningo ngezimbuzi ezingumsinsi wokuzimilela kuleli, enye izobhekela ubuchwepheshe bokulumbanisa izinhlobo zazo, ukuphucula ukondliwa kwazo, nokubhekelwa kwempilo yazo nje ngokubanzi. Okuhlaba umxhwele ngalo mkhankaso ukuthi kunabafuyi bazi kabanzi ngokufuywa kwembuzi nakuba bengakufundelanga lokho.

Ngikholwa ukuthi kukuleli qophelo lapho kumelwe kubanjiswane khona ikakhulukazi labo abangongoti bezimbuzi asebegogodile nalabo abanolwazi lokufuya imbuzi abaluncela kwabadala ekhaya, akucobelelwane ngolwazi ukuze kuyiswe ezolimo phambili esiFundazweni sakithi.

Nizolalela ezinye zezikhulumi zisina zidedelana kule nkundla lapho zizobe zisichazela khona ngoxhaso oluzofunyanwa ngabafuyi bezimbuzi ukuze bathole amandla okuba bafukule umsebenzi wabo uye phambili. Lokhu kuzokwenziwa nangoqeqesho olunqala nolunzulu ukuze kulekelelwe abantu bakithi ngolwazi abaludingayo.

UNkosazana Nomfuzo Mkhize, oqhamuka ophikweni olubhekele ezemfuyo nocwaningo eMnyangweni wezoLimo, uzokhuluma kabanzi ngokuzalaniswa kwezimbuzi kanye nokunakekelwa kwezimpongo. Uzothinta nodaba lokondliwa kwezimbuzi kanye nokulawulwa kwezifo.

UMnuz Rolfe Aadnesgaard wakwa-AAM uzosifundisa ngokuzalaniswa kwezinhlobo ezithile zezimbuzi, ukwehlukahlukana kwazo nanemisebenzi eziyenzayo ngokwehlukana kwazo. Sizofunda kabanzi ngezimbuzi enizejwayele zesiZulu, yilezo okuthiwa ngezesibhunu, ezaseKalahari okungezenyama. Kuzokhulunywa nangezimbuzi ezikhiqiza ubisi ezibizwa ngokuthi ama-Toggenburg nezohlobo lwe-Saanen. Kimina, uhlelo loMnyango esengikhulume ngalo kabanzi kuyomele luxazulule ukwentuleka kwamathuba emisebenzi futhi luyiqede nya indlala.

UMasipala waseMsinga ubalwa njengalowo odla imbuya ngothi ukubedlula bonke kuleli zwe kanti ucwaningo olwenziwa nguHulumeni ngo-2014 lwaveza ukuthi le ndawo esikuyo ingenye yezingenawo amathuba anele okuthuthukisa intsha ekhulele lapha.

Iphupho lwalolu hlelo lweminyaka emihlanu luyikuba kuthuthukiswe indawo yaseMsinga, kuhlenganisa nalezo engike ngazibala osekuzoyiwa kuzo

kuyosetshenzwa yona indaba esingayo lapha namuhla yokufukulwa kwemikhiqizo yembuzi.

Lokhu kuzokwenziwa ngendlela elandelayo:

- Ukusungulwa kwamathuba emisebenzi ezohlomulisa intsha angu-620. Izikhala zemisebenzi ezingu-350 kulesi sibalo zizonikwa intsha ezobhekela ukunakekelwa kwezilwane, ezoqeqeshwa inikezwe nesinsiza kusebenza zokwelapha. Esikujongile ukuba le ntsha ikwazi ukuzivulela amathuba ebhizinisi uma isiqeqeshiwe kulo mkhakha. Intsha engu-270 izoqeqeshwa ukuba izibandakanye emabhizinisini alekelela ukusingathwa kwezimbuzi njengokwakha izintini, imikhiqizo yesikhumba nokulungiswa kotshani bezimbuzi.
- Abafuyi abangu-7000 bazonikezwa ithuba lokuba bazibandakanye nebhizinisi lokuhweba ngezimbuzi. Lokhu kuzofukula kakhulu abesifazane kwazise njengoba ngike ngasho yibona abasekhaleni lokufuywa kwezimbuzi.
- Kunohlelo lwesikhathi esizayo olusacutshungulwa lokuba kwakhiwe amadela okukhiqiza inyama yembuzi kule ndawo futhi kuzoba nemikhankaso enqala yokukhangisa ezogovuza abantu ukuba bayithande inyama yembuzi ukuze ibhizinisi lichume. Enye yezinhlosonqangi wukuba kuphindwe kabili umkhiqizo wezimbuzi eminyakeni eyisihlanu, kuncishiswe izinga lohwebo lwezimbuzi ezithathwa emazweni ase-Afrika esikhundleni salokho kuqiniswe ibhizinisi lokukhiqizwa kwazo ekhaya zithunyelwe emazweni aphesheya.

Ngicela niwuthokozele lo mcimbi. Kuningi kakhulu okumele nikubone futhi nikufunde namuhla ngiyaninxusake bakwethu ukuthi nizinike isikhathi sokuvakashela amatafula emibukiso, niphakele iso. Niye nasezibayeni lapho kugcinwe khona izinhlobonhlobo zezimbuzi ukuze nifunde. Ochwepheshe bazonichazela ngakho konke enidinga ukukwazi.

Ngifisa ukuthatha leli thuba ngifisele inhlanhla labo abazobe beqhudelana ngokupheka. Amajaji ngibona ngathi yiwo adinga ukufiselwa inhlanhla kakhulu ngoba umncintiswano ushube kakhulu kudingeka acophelele ngempela bakithi.

Usuku lwanamuhla luyingqophamlando kwezolimo kulesi siFundazwe. Sizocobelelwa ngamasu amahle nakhaliphile okuba siphathe imfuyo yethu nokuba sandise imikhiqizo yokudla. Ngifisa ukuthatha leli thuba ngibonge bonke esibambisene nabo ngomsebenzi wabo omuhle nokuzikhandla abakukhombisile njengoba besihlelela lo mcimbi.

Lo mcimbi bakwethu, umayelana nesiqalo esisha, amasu amasha nokwabelana ngamathuba. Zemukeleni izinguquko esiziletha kini ngenhloso yokunithuthukisa njengoba sisembhidlangweni wokuyisa isiFundazwe phambili.

Ngiyanibonga!